



Ubufakazi-besikhathi esizayo  
bezingane zethu

## Isiqinisiso 2

Isihloko sesifundo: ISidlo seNkosi esiNgcwele – Isivumo  
sokholo sesikhombisa

# Umhlahlandlela womzali

Isikole sangeSonto    Isikole sasekhaya



# Mzali Othandekayo

Uyamukelwa kuSidlo seNkosi esiNgcwele – Isifundo ngesivumo sokholo sesikhombisa.

Lomqulu ukunika umhlahlandlela ofanele wokuba ungasethula kanjani lesi sifundo.

## Ungasilungiselela futhi uthule kanjani lesi sifundo

Nawa amanye amacebo ngezansi wokulungiselela nokwethula lesi sifundo:

Isinyathelo	Isenzo
1.	<p>Finyelela ku Webhusayithi ye-New Apostolic Church ngokufaka noma ngokuchofaza kusixhumanisi esilandelayo kusuka ku-WhatsApp: <a href="https://bit.ly/3NACSSHS">https://bit.ly/3NACSSHS</a></p>
2.	<p>Qoqa lezinzisa zokufunda ezilandelayo ukuze uqiniseke ukuthi usihlomele lesisifundo:</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• IBhayibheli</li> <li>• Isifundo ngefomethi ye-PDF esivele silungisiwe</li> <li>• Incwadi yengane yokusebenzela kanye namapensele, amakhilayoni, njll.</li> <li>• I-Vidiyo kiliphi okuyisiza sokufunda esingezekile / isisiza sokufunda ongazikhethela ngokuthanda kwakho</li> <li>• Ikhathekizimu yemibuzo nezimpendulo (Ikakhulukazi kulesisifundo sesiQinisiso).</li> </ul> <p>Qaphela:</p> <p>2.1: Isikhathi esifanele sokuthulwa kwalesisifundo, kungemuva kwenkonzo yangeSonto ekuseni, ngokuhambisana nesikhathi sesikole sangeSonto ukuze kugcinwe inqubo yesikhathi esijwayelekile.</p> <p>2.2: Uyacelwa ukuba ugcine isifundo sibe mfushane uma kunokwenzeka, khumbula izinga lokunaka kwezingane zethu (gxila esifundweni) - uyazi kangcono ingane yakho!</p> <p><i>Isikole sangeSonto ngokuvamile asidluli imizuzu engama-45.</i></p> <p>2.3: Lesisifundo silungele ibanga lesiQinisiso 2.</p> <p>2.4: Uyacelwa uthinte uThisha wakho wesiQinisiso uma udinga noma yiluphi usizo noma uma udinga ezinye izinsizakufunda kulezi ezingenhla.</p>
3.	<p>Khuleka (bheka umkhuleko osekugcineni kwalomqulu) bese ucela uNkulunkulu ukuba akusebenzise njengethuluzi ukwethula isifundo ngendlela Yena afuna ukuba uthule ngayo.</p>



## Fundisa lesisifundo sesikole sangeSonto Ekhaya

### Ungasilungiselela futhi usifundise kanjani lesisifundo

Siyaqhubeka nokwabelana ngezululeko ezithile zokuthi ungasilungiselela futhi usifundise kanjani lesisifundo:

Isinyathelo	Isenzo
4	Yenza indawo ilungele ukufundisa engenaziphazamiso lapho wena nengane / nezingane nisezingeni elifanayo.  <i>Isibonelo:</i> Hlala phansi ecansini noma eduze kwetafula.
5	Funda kulesisifundo. Phinda ufunde futhi isifundo ukuze usiqondise kahle. Bukela lesisifundo sevidiyo kiliphu ukuze uthole ukuqonda okungcono ngalesisifundo.
6	Zenzele amanothi ngamaphuzu abalulekile ongathanda ukuwakhumbula.
7	Yazi inhloso yalesisifundo ingane yakho okufanele siyikhumbule.
8	Yethula lesisifundo enganeni yakho.
9	Khombisa ingane yakho ividiyo bese uphinde ubuyekeze incazelo yayo.
10	Khombisa ingane yakho umsebenzi okufanele iwenze encwadini yayo yokusebenzela (I Also Want To...)
11	Khuleka, noma ucele ingane yakho ukuba ikhuleke bese uphetha isifundo.

### Izinsiza zokufunda ezitholakalayo mayelana nokufundisela eKhaya.

Nazi ezinye izinsiza zokufunda zokungezelela lesisifundo sibe sezingeni leqophelo:

1. I-WhatsApp. Xoxani ngesifundo sesiQinisiso -2 nomunye umndeni osifundayo nawo.
2. Xoxisanani ngesifundo nabanye abazali ukuze uthole ukuchazeleka kahle mayelana nesifundo ngaphambi kokuba sifundiswe.
3. Khululeka ukwenza olwakho ucwaningo ukuze uthole ulwazi olungezekile.
4. Khuluma noMxhumanisi webandla lakho noma uThisha.



## Isifundo

Isihloko	ISidlo seNkosi esiNgcwele – Isivumo sokholo sesikhombisa
Umbhalo weBhayibheli	<ul style="list-style-type: none"><li>• NgokukaMathewu 26: 26-28</li><li>• Izenzo 20: 7</li><li>• 1 KwabaseKorinte 11: 26</li><li>• NgokukaLuka 22: 19-20</li><li>• 1 KwabaseKorinte 11: 23-26</li><li>• NgokukaJohane 6: 53-56</li></ul>
Inhloso yesifundo	Izinhloso zalesi sifundo yilezi: 1. AbaQiniswa bayakwazi okudingeka kuqala a) ukuthethelelwa kwezono zethu, kanye b) nokuhlanganyela okufanelekile eSidlweni seNkosi esiNgcwele.

### Isifundo esifingqiwe:

- ISidlo seNkosi esiNgcwele singenye yamasakramente.
- Ivuthondaba lenkonzo ukuthethelelwa kwezono kanye nomgubho weSidlo seNkosi esiNgcwele.
- Kufanele sixolise kuNkulunkulu nakomakhelwane bethu ngezono zethu futhi sibe nesifiso sokungaphinde sone.
- Ngemuva kwalokho-ke kufanele sihlanganyele kuSidlo seNkosi esiNgcwele ngokufanelekile (ngenhlonipho / ngokwethembeka).
- UJesu ngokwaKhe wagubha umkhosi weSidlo seNkosi esiNgcwele sokuqala nabafundi baKhe.
- Esikhathini samanje sigubha umkhosi weSidlo seNkosi esiNgcwele kuzo zonke izinkonzo eziNgcwele futhi siyokwenza lokhu kuze kube ngukubuya kuJesu.
- Isinkwa newayini eSidlweni seNkosi esiNgcwele kuluphawu lomzimba negazi lika Jesu Kristu.
- Ekuhlanganyeleni kuSidlo seNkosi esiNgcwele sikhumbula umhlatshelo kaJesu Kristu.



## ISidlo seNkosi esiNgcwele – Isivumo sokholo sesikhombisa.

Sisho ukuthini lesisifundo kithina namhlanje na?

- UNkulunkulu usithethelela izonozethu.
- Sikhumbula umhlatshelo kaJesu Krestu ngokuhlanganyela ngokufanelekile eSidlweni seNkosi esiNgcwele.
- Siyakholwa futhi siphila ngokwesivumo sokholo sesikhombisa.
- Sifuna nokuhlanganyela ngokufanelekile eSidlweni seNkosi esiNgcwele.

Eminye imibuzo esingayibuza:

1. Yini uvuthondaba lwenkonzo na?

*Impendulo: Ukuthethelelwa kwezono kanye nokugubha umkhosi weSidlo seNkosi esiNgcwele*

2. Kufanele sibe kanjani isimo somphefumulo wethu lapho sihlanganyela eSidlweni seNkosi esiNgcwele na?

*Impendulo: Kufanele sihlanganyele eSidlweni seNkosi esiNgcwele ngokufanelekile, ngamanye amazwi, ngenhlonipho / ngokwethembeka. Sikhumbula futhi nomhlatshelo kaJesu esiphambanweni.*

3. Wagujwa nini okokuqala umkhosi weSidlo seNkosi esiNgcwele na?

*Impendulo: Ezikhathini zeBhayibheli. UJesu wagubha okokuqala umkhosi weSidlo seNkosi esiNgcwele nabafundi baKhe.*

4. Kufanele sikubungaze kangaki ukugubha umkhosi weSidlo seNkosi esiNgcwele na?

*Impendulo: Kuzo zonke izinkonzo eziNgcwele kuze kubuye uJesu.*



## Umbhalo ongeziwe Bazali Abathandekayo

1. Uzoqaphela ukuthi kule vidiyo kiliphu enikeziwe kuqashunwe amavesi amaningi eBhayibhelini.

Iningi lawo akukhulunywa ngawo kule vidiyo. Njengengxenywe yokuthula isifundo sakho enganeni yakho, ungaba neBhayibheli futhi ucele ingane yakho ukuba ifunde amavesi aqashuniwe eBhayibhelini lapho niqhubeka nesifundo. Ngalena ndlela ingane yakho nayo yenza okuthile ngesikhathi sokufunda.

2. Futhi, qinisekisa ngomsebenzi okufanele wenziwe encwadini yengane yokusebenzela isiQinisiso. Okuyingxenywe yesifundo 24. Lokhu kungenziwa ngemuva kokuba isifundo sesifundisiwe kubona noma uma unokukhetha, ungakwenza njengomsebenzi lapho wena nengane yakho nikwenza khona ngokuhlanganyela.

3. Njengengxenywe yomsebenzi wasekhaya, ingane yakho kumele futhi ijwayele ukufunda njalo isivumo sokholo sesikhombisa.

Ngamazwi alandelayo:

Ngiyakholwa ukuthi iSidlo seNkosi esiNgcwele samiswa yiNkosi uqobo lwaYo, ngaso sikhumbula umhlatshelo owalethwa kwaba kanye, nomile unamagunya angunaphakade, kanye nokuhlupheka okukhulu nokufa kukaKristu. Ukuhlanganyela ngokufanelekile eSidlweni seNkosi esiNgcwele kumisa ubudlelwane bethu noJesu Kristu, iNkosi yethu. Umkhosi weSidlo ugujwa ngesinkwa esingenamvubelo newayini; kokubili kufanele kubusiswe bese kwabiwa yinceku egunyazwe ngumPhostoli.

AbaQinisiswa kudingeka bazi lesi naleso sivumo sokholo noma okungenani kufanele bakwazi ukuchaza ukuthi isivumo sokholo simayelana nani ekupheleni kwezifundo zabo zokuqinisiswa.



UMkhuleko kaBaba noMama ngaphambi kwesifundo:

*Nkulunkulu othandekayo, ngiyakubonga ngalolusuku*

*Busisa bonke abazali nezingane*

*Sengathi singabuzwa ubukhona baKho*

*Busisa isifundo esizoba naso*

*Sicela usifundise ukukukhonza*

*Futhi usisize ukwenza intando yaKho*

*Ukuze sikhule sisondele kuWe*

*Thumela uJesu azosilanda*

*Futhi kwangathi singalungela ukuhlangana naYe*

*Amen*



Notes
